Story of the princess of Zihlandhlo's tribe who was refused by the Bomvu chief Zombane, and of how Socwatsha's father Papu came to lose one of his toes.

Taken down same day as preceding pp. viz. 16-4-1916 (Sunday)

[Ubaba uti] Kwa suk' intombi, udadewabo ka Gwabe, wa sembo, ka Zihlandhlo, ya yo gana emaBomvini, i bdekel' inkos' uNZombane. Ngob' intombi ye nkos' i bi gan' enz' inkosi. Wa fike wa y'ala. Ya buya ngob' ifelwe ngo mlota. Bafti se bezw' abaMbo ukut' u ku gan' eka Jobe (ka Mapita ka Mneyanda, wa kwa Sitole), e yakubo y'aliwe nje, ngoba ko tandwa' eka Jobe, bala i mgane qede, wa yi lobola. Abambo bafti: Ha! kanti wa al' eyakiti nje inkosazana, uzetemba ukuba e zo tab' intombi ka Jobe! Ba ze bafti a ku qatshelw' ilanga lo ntimba, o zo fika ngalo emaBomvini, o puma ebatenjini. Kwa pakw' izinhloli zi yo lalela ub' izo puma nini, izo sina. Bafti zwa ke ilang' e za ngalo, izinhloli zi ka Zihlandhlo. E se yi hlomis' uZihlandhlo. U se yi paka. U zeti "A go ka ngizwe mabandhl' enkosi, = ni yakuba noba ni kalipile ni ngangem' uNZombane. Ngi ngqume ne ntombi yake, le a yi tandayo. Ni hlanganisele kanke no ntimba, a ka zi a peze ukuti e ya kuzte wa y'ala ngani.

x usually spelt without the N

48

A si yon' e yo umuntu, nayo i ye nkosi. Ya

pumake impi, ya hamba. Ba wa hlangana-

ke umuzi, lapa kusa ayo. [Ubaba, u Papu,

lap' a ye ngakona, wa bon] Ba gala ngo ku-bon' izinja zi puma

nga pakati nga se kaya, zi dhlula nga pambili.

[Kwake] kwabo [Wa ye] Ba se bon' umuntu e landel' izinja,

ku izinja ngapambili, e landel' inva kwazo.

Ba sa petile-ke. Ngob' impi i bi wa hlanganisa

zed' umuzi, i nga gal' i ngene ngapakati,

ngoba be bon' ukuti qa, ku sahlwe kakulu,

funa si gwazane sodwa. A ke ku ngati

ukukanza kancane". Ukwenza kw-impi yoke,

ne ya ka Tshaka, ngob' i ngeni ebusuku a

yi bonani; be tuka se be gwaz' abakubo,

a ba gamuka ngalapa kwo muzi. Dyezake

inyanga leyo, e ka Zombane, e pota umnyeko

with long, plaited hair

njeng' omngoma. I ya ba bona, se be sedu-ze.

Wa ye se tatel' u Papu. Wa yi gwaz' amahlanz-

kaye cibanga noku yi ciba. Wa yi gwaza;

wa yi qeda. Ba sa be hlanganisa, se be

ngena ngapakati e kaya, ngoba se ku

mpondo zankomo, ku qamb' ukukanya.

Ba gwaza ntombi, ba gwaza ndoda, ba

garaza mfazi, bagwaza ngane; batshaza babuza.
Ba gwaza ne ntombi zle e bi zo gana ka Jobe.
Ngo ku ba zotula kwabo, se ku pume ne langa,
se be ceng' izidumbu. Se be yi bona-ke le ntombi
ukuti nansi lapa' ifele kona; i si file. Se be
yi ~~sa~~ rudula-ke ~~be yo~~ benyo yi pons' odongeni, ba
seceleni kwa umuzi ka Nzombane. Se be rudula
izinye-ke, se bezi ponsa ngapezulu kwayo.
Se ba za ba gcwal' udonga pama! Umtimba
wa ~~ku~~ mningi u zo ganis' inkosazana.
(ie inkosazana)
Yona ya gcina nga pansi. Bati ba yo ke bezwe
be tatululwa, be fuma yona nga pansi,
ngoba pela ba zati lapa be lungisa udongeni
ba nga yi boni, ba bon' abafowabo. Se be
zidhla-ke izinkomo lezi, lezi a se bongwa
ngazo u Zihlandhlo. Isi ya buya-ke impi.
Se be za wile-ke ukuti izinja lezi be zi
landela yon' inkosi u Nzombane, ngoba kuti
ilele wa puma impi i zingwaza, wataka wa
vuka. Wa se yo vus' inyanga yake, i se yi
tshela: "Ngi landela ne miti yami". Kanti
inyanga le, ubab' u yi gwaza nje, i bi landelana
ne nkosi. Kwala kancane ukuba im ~~ft~~

i.e. lifting the bodies apart from one another.

azi ba konkotana ini?

fice yen'u Nzombane, Ngoba izinja zake ze
za zi mlandela, ba zi bona. U yena yedwa
a ba nga m bonanga. Ngoba naye à ba
m bonanga ukuba kuhlwile. No s' ezidenjini
a be be zi bulala ba tol' umlobokazi yedwa.
Ba be sa yi fune inkosi ezidunjini a baze
ba yi tola. Se be bon' ukut' inkosi yègile.
Se zi ketwa pel' izingwazi, ngoba zi hamba
zodwa. Se zi nikelw' inyangake, e za u
hèlapa, u Gabazana, owelap' izingwazi
ze zimpi zonke. Ya buyake impi ya s'
Embo. Ya buy' i jabulile, ngoba be
bulel' intombi e yahlul' eya kubo. Dati
kodwa be si yo jabula kakulu "kuba be
si ba bulele bobabili, ne ndoda yake,
u Nzombane, azi a peze ngomuso."
Ukuba ba fik' ekaya se zèlatshwa
njal' izingwazi lezoke. U se pa' potela,
u be se ba dedela nokudhla a kade
be nga kudhli. Ngoba i kon' inyam'
a ba nga yidhliyo uma be nga kèlatshwa,

ba potula. Àba luedhl' usu. À bawadhl' amatumbu. Konke ~~x~~ kwa ngapakati kwo m°bilini.

Ubaba, seku iminyaka nje, wa gula, kutiwa "izwengo, wa gwaz' inyanga ka Nzombane, kelapekanga". ~~Wa~~ Kwa pindelwa ku yeni' u Gabazana. Wa sinda. Kwaze kwabuya kwaf' izwe la s'Embo, li bulawa u Dingana, mhlana kuf' o Sambela no Zihlandhlo, ~~be~~ be bulawa impi ka Dingana. Ngoba o Sambela no Zihlandhlo ka ba bulawanga umkuhlane, ba ~~x~~ bulawa umkonto.

Ubabanga lwayo mpi waye gwaze kakulu, abant' abaningi (impi ka Dingana — izinkosi nombelebele). Be latshwa futeke.

~~Wa~~ Kwati ubaba e se sesilungwini (ngesi nyak' eminingi, seku bus' u Somseu) la m vuk' izwengo. Kwa ~~x~~ [se] ku vuluk' amazwane onyawo, e ngamuka. Sa li dhla lel' e li landel' elikulu, nga kwe lesi [lesi] nsele, ku li tshokotshela, kuze ku fike pansi kumatambo alo, lapa li mile kona. ~~A~~ Se ba hluleka (izinyanga) nge zihlungu, ngob' ekala a juluke, ~~ke~~

inhliziyo pakati, iti panapana, inhliziyo ineanyanyana, iti a i pele. S ku yo belw' Enyangeni. Iti "u vukwe igqango uPapu. Ingant' wa puzi' inyanga ka Nzombane na? Wa hlatshwa u Gabazana na? Kwa bieya kwa punda kwa vuka na? Wa buye wa kwe hlapa put' u Gabazana na? U Gabazana wahluleka konra kugqala. Uma ba bazi ba be yo zamb' eny' inyanga ye sibili. Mina ke ngi nuk u Ngoyana. Ngiti a ku yiwe ku Ngoyana, o wa yelap' izingwazi zi ka Sirayo (wakwa Ngesewa)." Kwayiwa ke ku Ngoyana. U Ngoyana wa fik' ekuseni. Wa m hlapa, wa m hlapa, wa godeka ntambama. Wati ngi yo buya kusasa futi (umuzi wake u sedege). U ya fika kusasa ka sa yizwa imbubuzi (kutshiwo noma umunt' e gqira,) ukuti "u ku bubula", ku buhlungu. Kunjani Papu na? Uti "Ingant' u fika nje nawe ngi dhl' ukudhla na?" Wati ngi lal' ubutongo

i.e. groans or grunts, as in great pain + in exhausted state

ngati zū (or zwi)". Kanti soku ukusinda kwake njal' ukupela. Wa sind' ukupela ke, loku mina wa ye ngak' kangi zali. Uzwani
zwani or zwane? ke se ngi zi bonela ngamehlo nje lu ngeko. U se yi zeka le ndaba ke, le ya s'embo. Se ngi zizwela, ku kulum' ubaba ngobo kwake.

---

i.e. a long story

Ku de ukuciteka ko baba ku Tshaka (uTshak' ebulel' amakos' akiti; kuya ngongoma) be yo konz' embo ku Zihlandhlo. uTshaka wati ku Zihlandhlo "u umnawe wami, ak' isigodhlo". Ngoba wonke amakosi a e bulawa uTshaka abantu bawo, aba sind' ekufeni, nabantwana bawo, aba sind' ekufeni, kwa ngena yon' inkosi, ba ke hamba ba yo konz' embo, ~~ku Z~~ ba yo catsha ngo Zihlandhlo, ngoba wang' u ngumfowabo ka Tshaka".

not used in Zulu Readers

Izintandane za makos' onke za baleka za yocatsha pansi kuka Zihlandhlo, ekwapeni. Zi ze za vel' obala mhlazane uDingana e se bulal' u Zihlandhlo. Ba se zwa emva kobana ku bulawa u Zihlandhlo, uDingan' a xabane na maBunu.

Ya bŭyeka le ndhlela ke yo keza e Bodwe (Natal), be za u konzi emaBumwini. Ba fika se ku konini o Wohlo no Mbuyazi, no Pobana kwa nabanye a ba fika no Zebana.

17.4.1916. Story illustrating origin of ill-feeling between tribes

Kwili ka Sitshili, ch. Ngolombeni.

uZihlandhlo wa hlasela kwa Nxamalala. Wa kipa izinkomo. Wa zi nika umkono we sinxele. Wa kipa umngenela, wa wu faka lo mkono okuponsa. Izinkomo za yi funyana kuqala. Ya yi gwaza yeza nayo, ku gwazwa o'e ya kwa Nxamalala. Kuti kusasa wa yi kipa umngenela wa wu bugisa ku lomkono, wa u leta ku lo wobunxele. Ya funzanisana. Ya yi gwaza ya muka nayo. Ya i tela emabeleni ebomvu ka Mjombana (izimfanda ezi sotukela). Ya banjwa izinkabi za zinyamazana, ze zintambo kwa ku cupe bona abakwa Nxamalala.